**INKULUMO KANGQONGQOSHE OBAMBILE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UDKT SIBONGISENI DHLOMO EMCIMBINI WOKULETHA IZINHLELO ZEMIGWAQO KWAMBONAMBI NGOLWESIHLANU MHLAKA 24 MAY 2013**

Mphathi wohlelo;
Nkosi yesizwe saKwaSokhulu;
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Umfowethu uMacingwane osiphathele ezeMfundo esifundazweni;
AmaLungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yesiFunda sasoThungulu;
IMeya yoMkhandlu waKwaMbonambi;
Amakhansela;
Ubuholi bonke obukhona ezigabeni ezahlukene;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha;
Imboni yokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha KwaMbonambi sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, halala ngentuthuko eqondene nale ndawo ngaphansi kwesifunda sasoThungulu.

Lo mcimbi uyingxenye yeminye eminingi esiyenzayo lapha esifundazweni ehambisana nomgomo wethu njengomNyango wezokuThutha othi uma sesike saqala saletha i-*project* yomgwaqo endaweni sisuke singeke sisaphuma kuze kube umphakathi uyayithola yonke imigwaqo namabhriji owadingayo.

Ukufakazela lokho, sizokhumbula ukuthi esikhathini esingengakanani besikhona lapha KwaMbonambi sizovula isigaba sokuqala somgwaqo u-P499 esiwufaka itiyela.

Siyazi-ke futhi ukuthi maningi ama-*porject* aqhubekayo namanye asazoqalwa nakhona lapha oThungulu ngenhloso yako ukuthi kuguqulwe izimpilo zabantu zibe ngcono.

Okuhamba phambili-ke namhlanje yilokhu kwemigwaqo esesihlabe amasoyi ayo njengophawu lokuthi umsebenzi wokuba yakhiwe usuyaqala.

Umgwaqo wokuqala yilona ongu-P232 osuka ngasemgwaqeni omkhulu u-N2 onengxenyana yetiyela eselidinga ukupheshwa kabusha bese kuba yingxenye enkulu engu-23 km ewubhuqu.

Siyakwazi-ke ukubaluleka kwalo mgwaqo ekusimamiseni ezomnotho kule ndawo njengoba kunampulazi amahlathi neminye imikhiqizo yezolimo. Ngakho-ke kubalulekile ukuba namhlanje sithi siyawubongela umphakathi walapha osuzofinyelela kalula Ethembeni naseSokhulu Clinic, Ontingweni High School, eDlem Dlem High School, eLangalibomvu High School, eNjeke Primary School, eMhawu Primary School naseSokhulu Primary School.

Ngemuva kokucwaninga ngalo msebenzi, sithole ukuthi imali edingeka khona ibalelwa ku-R 233 million.  Le *project* izothatha iminyaka yezimali emithathu njengoba kulona ka- 2013/2014 sizofaka u-R50 million.

Owesibili umgwaqo esikhuluma ngawo yilona ongu-D887 nawo ozosiza ngendlela efanayo emiphakathini yaseSikhaleni, eMabuyeni naseGubhethuka kuya ezansi nechibi iQhubu. Kukhona nezikole iNcombo Primary School, Empembeni Primary School neNdesheni High School ezizosizakala ngokwakhiwa kwalo mgwaqo.

Kulona-ke wona sithole ukuthi imali edingekayo usuwonke ibalelwa ku-R145 million. Kodwa kulo nyaka sizofaka u-R43 million bese siqhubeka kulena eminye iminyaka ezayo.

Lokho-ke kungibeka ekutheni ngithi imali esizoyishiya namhlanje ngalama *project* amabili ingu-R93 million.
Enye i-*project* esithe sizoyidlulisela ngokusemthethweni kunina njengomphakathi namhlanje yilena yomgwaqo u-P515 owenziwe ngaphansi kohlelo lukaHulumeni lokubambisana nezinkampani ezizimele ukuze nazo zibuyisele okuhle kubantu eziqhuba amabhizinisi kubona.

Lo mgwaqo-ke ongamakhilomitha amane wenziwe ngosizo lwenkampani i-Richards Bay Mineral (RBM), kanti umsebenzi wawo udle imali engu-R8.9 million. Sifisa ukubonga kakhulu ngeqhaza elibanjwe yile nkampani.

Namhlanje imiphakathi yaseNhlanzini, eNhlabane, eNkunzebomvu naseMankwathini isizofinyelela kalula Emankwathini Primary School, eNhlabane Primary School, eNdlabeyilandula Secondary School, Ontingweni Primary School, eNhlabane Provincial Clinic.

Kuyaziwa-ke futhi ukuthi uma kunama-*project* afana nalawa kuba namathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo. La mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana, kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni kanye nangezitifiketi ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo.

Esiyaye sikugcizelele-ke ikakhulukazi kubaholi yilokhu kokuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.

Njengoba ngike ngaveza ekuqaleni, ngaphandle kwalama *project* esengikhulume ngawo lapha namhlanje, kunemali engu-R17 million esiyifake ekwakhiweni kwemigwaqo engenela ezindaweni zemiphakathi, esithi ama-*access road*, lapha oThungulu. Kuleyo kukhona uKwelimhlophe Local Road ku-Ward 1 noMbabe Local Road ku-Ward 8 khona lapha KwaMbonambi.

Kukhona no-R60 million esiwufake kulena evele ekhona kodwa edinga ukulungiswa, lokhu esithi i-*betterment and regravelling*. Phakathi kwesizoyenza kulo masipala kukhona no-P511 ku-Ward 8.
Asizogcina lapho ngoba njengoba imigwaqo yetiyela iguga usuku nosuku ngenxa yezimvula nokuhamba kweminyaka, ngakhoke kudingeka sihlale siyiphesha. Lapha oThungulu sifake u-R11 million ukwenza lo msebenzi ohlanganisa no-P389 ku-Ward 2, u-P386 ku-Ward 3 no-D249 ku-Ward 5 khona lapha KwaMbonambi.

Kodwa futhi uma sibheka yonke imisebenzi yokwakhiwa kwemigwaqo nokugcinwa kwayo isesimweni esifundeni sasoThungulu, kuhlanganisa nama-*project* amakhulu esithi ama-*Capital Project*, ingu-R515.4 million imali esesiyifakile kulo nyaka wezimali ka-2013/2014.

Konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo. Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Akumele intuthuko ibanjezelwe ngukuthi akukho ukubambisana okuhle nokuphusile phakathi kwamakhansela, abasebenzi boMasipala abathile kanye nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kumele sisukume sibambe iqhaza ohlelweni lukaHulumeni wesifundazwe lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona. Kukhulunywa noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, ngoba vele indaba iqala kuHulumeni wasekhaya.

Yingakho-ke ngaphambi kokuba size lapha siqale senza umcimbi wokunikezela ngezindlu eziyisibonelelo kulabo abebe senkingeni yezindawo zokufihla ikhanda.

Ngenxa yokuthi umsebenzi owenziwa kulolu hlelo ufana nempi yokulwa nezinkinga ezikhungethe abantu ngokwehlukana, izigcawu okuhlanganelwa kuzona sizibiza ngama-*war room*. Njengoba sonke-ke lapha sivela emaWadini athile, kumele wonke umuntu ayazi i-*war room* yangakubo.

Kulama *war room* kumele sibike ngobugebengu esibaziyo obenzeka lapho sihlala khona. Sibike ngokuhlumezeka kwabesifazane nezingane okwenziwa ikakhulukazi ngabantu besilisa lapho sihlala khona.

Sengiphetha ngifisa ukugcina ngokugcizelela indaba ehlale isikhathaza kulo mNyango, okungeyokuphepha emgwaqeni. Njengoba lapha bengikhuluma ngemigwaqo esiyakhayo nje, kuba yinkinga uma sesiyakhile imigwaqo yaba mihle bese ijika iba inkundla yokuchitheka kwegazi.

Ngakho-ke kubalulekile ukuba sivumelane njengezakhamuzi nomuntu ngamunye walapha KwaMbonambi ukuthi akukho gazi elizochitheka ngenxa yethu emigwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona.

Lanele igazi labantu eselichithekile, ngisho nenhlangano yezizwe i-United Nations isho njalo. Abangafi abantwana bethu beya ezikoleni noma bevakasha, abangafi abazali bethu, nabafowethu nodadewethu, nogogo bethu, nomkhulu – azingafi izihlobo zethu ezibalulekile ezimpilweni zethu zishiye izintandane ngenxa yophuzo, ukushayela ngesivinini, ukungazinaki izimpawu zomgwaqo.

Masibheke izimpawu zomgwaqo uma sihamba ngezinyawo, sihambe esandleni esifanele, siyibone imoto ezayo noma sihambe eceleni kwi-pavement.

Ungaphuzi utshwala uhambe emgwaqeni ubhayiza la ucabanga ukuthi ugqoke insimbi uhlohlwa utshwala, izimoto lezi zishayana impela uma ubudedengu.

Utshwala benza ukucabanga kwakho kube sezingeni eliphansi, wenze izinqumo ezingaphusile, futhi uziphathe ngendlela ebudlabha noma enobungozi.

Masivumelane ukuthi lo nyaka kuzoba ngowokuqopha umlando lapho sizokwehlisa izibalo zokufa kwabantu emgwaqeni ngendlela engakaze ibonwe esifundazweni sethu. Loku kuwumsebenzi wethu sonke, hhayi uHulumeni kuphela.

Bakwethu lesi isikhathi sokuba sibambisene sizibophezele ukuthi sizovuselela onembeza bethu singayephuli imithetho yomgwaqo.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga.**